

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNU MXOLISI KAUNDA
EMCIMBINI WOKUKHUMBULA ABAYIZISULU ZEZINGOZI ZOMGWAQO,
ENSELENI, MHLAKA 10 JULY 2016.**

- Ngiyabonga mphathi wohlelo;
- IMeya yoMkhandlu waseMhlathuze ophinde abe uSekela Sihlalo kaKhongolose eMusa Dladla Region, uKhansela Mdu Mhlongo;
- IMeya yoMkhandlu wasoThungulu ophinde abe uSihlalo kaKhongolose eMusa Dladla Region, uKhansela Nonhle Mkhulisi;
- OSomlomo noSekela Somlomo bemikhandlu yonke abakhona;
- AmaKhosi aseNdlunkulu;
- AmaKhansela onke Akhona;
- Abefundisi bonke ngaphansi kwe-Interfaith;
- Abamele iRoad Accident Fund (RAF);
- Imboni yokuthutha umphakathi;
- Ubuholi ezinhlakeni zomphakathi ngokwehlukana kwazo;
- Abasebenzi beminyango kaHulumeni ekhona lapha;
- Umphakathi wonke waseNseleni, eMhlathuze nasoThungulu.

Ngiyanibingelela nonke egameni leNkosi yethu uJesu Kristu.

Mangiqale ngokunibonga nonke ngokuthi nikwazile ukuphumelela uma sinimema kulo mcimbi wanamhlanje. Siyazi ukuthi ngalolu suku lwangeSonto iningi lethu liba matasatasa ngemicimbi ehlukeni emindenini, ezihlotsheni nasezinkozweni zethu ezahlukene.

Siyazi ukuthi kubanzima ukuphutha ezinkonzweni zangamaSonto kwabaningi bethu. Anginazise ukuthi nakimi injalo kuba nzima ukushiya inkonzo yami, ikakhulukazi ezinkathini esikuzo njengamanje! Kodwa ke sithi siyanibonga kakhulu ukuthi nonke nisihloniphile uma sihlaba ikhwela njengoHulumeni waKwaZulu-Natal, navuma, nafika ngezinqotho zenu.

Lo mcimbi wanamhlanje uyingxenywe yeminye eminingi esiyenzayo njengoMnyango wezokuThutha noHulumeni wonke wesifundazwe lapho sihlanguka nemiphakathi sikhulume ngezinto ezisithintayo sonke.

Lezi zinto kungabe zimayelana nokuthuthukiswa kwengqalasizinda nezokuthuthwa komphakathi noma ezokuphepha emgwaqeni.

Lona ngumcimbi esithe njengoHulumeni ake siphume sibheke abantu bakithi ababhekene nesimo esisaziyo sonke – isimo esinzima kakhulu sokushiywa isithandwa, noma isihlobo noma umngani, ungalindele.

Isimo lapho umuntu ethola ukushaqeka kokumangazwa isehlakalo esibuhlungu engazelele. Uzwe sekuthiwa selidume ledlula.

Asiqondile ukuvusa amanxeba kulabo asebeke bathinteka ngezindlela ezahlukene ezingozini zomgwaqo, kodwa sizama ukugcizelela ukuthi kumele impilo iqhubeke.

Leli yithuba lokuba sicele nokuthi ukushiywa izihlobo nabathandiweyo bethu kube yikona okusivula amehlo nezingqondo ukuze sikwazi ukusebenzisa umgwaqo ngokuphepha, hhayi ukuthi bashiye umkhokha omubi.

Kumele kube yibona asebeke baba yizisulu abahamba phambili ngokuba ngamanxusa ezokuphepha emgwaqeni bangabi namahloni okukhuluma ngabakwaziyo ukuze nabanye bafunde kubona.

Lokhu kuhambisana ncamashi nesiqubulo sethu esithi: "Ukuphepha emgwaqeni kungumthwalo wethu sonke", phecelezi –

"Road Safety is Our Collective Responsibility".

Lo Mnyango waqala lokhu ngaphansi kobuholi bukaMhlonishwa uNdunankulu uMacingwane ngenkathi esaphethe ezokuThutha. Lokhu kwakusukela ekutheni kulokhu kutholakala imibiko yokuthi kunabantu abaningi abangagcini ngokuba yizisulu zezingozini zomgwaqo nje kuphela kodwa bagcina sebeyizisulu zamaqili afaka ama-claim kwa-Road Accident Fund (RAF) emagameni abo kanti afuna ukuzicebisa wona.

Kwezinye izindawo kugcina kusele izintandane, mhlawumbe ngokungabikhona komuntu onolwazi, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya, uthole ukuthi lezo zingane azisitholi isibonelelo sikaHulumeni kanti iminyaka yazo isazivumela ukuba zisithole.

Ngaleyo ndlela sabe sesijuba ithimba loMnyango wethu wezokuThutha elisebenzisana neminye iminyango ethintekayo njengowezeMpilo, owezokuThuthukiswa koMphakathi kanye nabe-RAF, ukuba bahambe zonke izingxenye zesifundazwe bathole abantu abanezingqinamba ekutholeni usizo.

Ngithe uma ngilandela indlela esisebenza ngayo kule ngxenye yesifundazwe ngathola ukuthi kusukela uqalile unyaka sekunexinxephezelo ezifinyelela ku-**R500 000** esezikhishwe ngabakwa-RAF ngokulekelelwa yilolu hlelo loMnyango.

Okunye esesikuqaphele kuloluhlelo ngukuthi uma sekuzwakele ukuthi ithimba lethu liyeza, kutholakala abantu sebezizwa ngabameli babo bezozama ukubacacisela ukuthi kwenzekani ngezicelo zabo yize kade bengabakhathalele kangako ngokubazisa.

Thina esikwenzayo sikwenza mahhala ngaphandle kwabameli.

Siyathanda ukucacisa ukuthi asibaphuci abantu ilungelo labo lokusebenzisa abameli babo abazobakhokhela ngokubafakela izicelo. Kodwa njengoba ngike ngasho ekuqaleni, thina sizama ukuqeda ukuxhashazwa kwabantu ngabameli abangamaqola ngoba bengazi lutho.

Kulabo abangakazi ukuthi sitholakala kanjani, kukhona uBaba u **Cool Cat Gumbi** esamjuba ukuthi asiphathele lolu hlelo eMnyangweni, nekomiti le-Interfaith okuwuhlaka lokubambisana phakathi koMnyango namabandla ezenkolo. Inombolo yocingo esamnika yona ukuba atholakale kuyona ithi: **071 777 2927**.

Siyafisa-ke kodwa ukubaxwayisa abantu bakithi ukuthi mabangathathi amashansi benze izicelo kube kungekho ngozi abathinteka kuyona noma izihlobo zabo. Sesibabambile kwezinye izindawo abenze njalo. Kumele nazi ukuthi uma nenza kanjalo, nenza icala lokukhwabanisa okuyinto enganenza nibhadle ejele.

Sengikushilo konke lokhu, ngithanda ukugcizelela ukuthi ngeke sibe yisizwe esisimeme uma impilo yethu izobuswa ngukuthi senza noma kanjani ngoba sinoHulumeni wethu onxephezelayo.

Bheka nje ngoba ngezinguzi zomgwaqo izwe lethu lilahlekelwa imali yabakhokhi bentela engaphezulu kuka-**R300 billion** ngonyaka ngokukhokhela izinto ezahlukene njengazo izinxephezelo ze-RAF, ukulashwa kwabalimele nokondliwa kwezintandane.

Le mali ngabe isetshenziselwa intuthuko nokwakha amathuba emisebenzi kweminye imikhakha yempilo. Uma ubheka igebe esisadinga ukulivala ekwakhiweni kwemigwaqo, ukulethwa kwezidingo zezempilo nokuthuthukiswa komphakathi kwezenhlalakahle, uyabona nje ukuthi ngempela izingozi zomgwaqo zisihlehlisela emuva kanjani.

Yingakho-ke futhi namhlanje sizohlaba ikhwela ukuba kube yithina sonke esisukumayo njengemiphakathi silekelele imikhankaso kaHulumeni yokuphepha emgwaqeni.

Umkhankaso ka-“Operation Val’ingozi” esiwuqhubayo esifundazweni, usitshela kona ukuthi kumele sonke sibhukule sithi siyazivala izingozi zomgwaqo.

Okunye okusikhathaza kakhulu ngezibalo ezivelayo manje ngukuthi amaphesenti angu-80 abantu abafayo emigwaqeni yethu kuba ngabesilisa, abasebasha, abaphakathi kweminyaka engu-19 no-34. Lokhu kusho ukuthi silahlekelwa yinqwaba yabantu abasha ngezangozi zomgwaqo – ikakhulukazi abanamakhono kwezomnotho (Commerce), kwezamabhizinisi (Business), kwezobunjiniyela (Engineering), njalonjalo. Kuyasilimaza kakhulu njengezwe ukulahlekelwa yintsha okumele isebenze ukuthuthukisa umnotho wezwe lethu.

Kanjalo ziyakhula izibalo zabantu abashona emgwaqeni behamba ngezimoto ezincane, ukudlula abahamba ngamatekisi namabhasi. Iningi lalezi zingozi lenzeka ngezimpelasonto, phakathi kuka 18H00 ntambama no 06H00 ekuseni. Izinto ezintathu eziphambili ezivela njengembangela kuba abantu abashayela izimoto bephuzile (okanye bedakiwe), ijubane elevile, ukusika endaweni engafanele noma ukuhamba ngezimoto ezingekho esimweni esifanele ukuba zibe emgwaqeni.

Kuthiwa abesifazane bajwayele ukufa kakhulu emgwaqeni lapho bengamaphasenja khona. Izingane ezincane nazo zifa lapho zingamaphasenja bese kodwa ikakhulukazi zishayiswe izimoto ngenkathi zihamba ngezinyawo emgwaqeni.

Manje-ke uma ubheka lokhu esikuvezayo, konke kwenzeka ngesikhathi izwe noHulumeni ukhuluma ngenkululeko yezomnotho ikakhulukazi entsheni yakithi. Ngakho-ke kumele kusishayise ngovalo uma izibalo ziveza intsha yakithi njengabantu abahlulekayo ukuziphatha emgwaqeni.

Siyazi ukuthi enye intsha isuke iqala ukuthola imisebenzi; abanye ngemuva kokuphothula iziqu zemfundo ephakeme bese ithenga izimoto, ezinye okungezohlobo olunejubane vele.

Ngenxa yesimo sempilo yesimanjemanje abanye bagcina sebefuna ukubukisa, batsake nangezimoto kanti notshwala budla lubi ngaleso sikhathi. Kuyacaca-ke manje ukuthi umkhankaso wethu kumele siwubhekise kakhulu manje nakubantu abasha uma sifuna ukuqinisekisa ukuthi ikusasa lezwe lethu silibhekelela kuseyimanje. Siyafuna ukugxila

kakhulu nasemakhaya kanye nasemindenini ukuthi uma nje nihamba ngemoto niwumndeni kungakanani ukuqikelela nokuqinisekisa ezokuphepha.

Sithi uma sikhuluma ngokuthi ukuphepha emgwaqeni kungumsebenzi wawo wonke umuntu – ngabe qhaza lini umndeni nomndeni ongalibamba? Sithi ake iqale ekhaya indaba yokuphepha manje – nithi nihleli nje ekhaya kenikhuzane nodwa uma kukhona njalo othola amathikithi. Ake nikhuzane uma kukhona ofika njalo edakiwe kodwa ebe ehamba ngemoto.

Masiqaphele ukuthi izingane zingathathi izimoto zethu zishayele ekubeni zingakabi nazo izincwadi. Lezi ngezinye zezinto okumele siziqinise uma sibheka iqhaza lomndeni nomndeni ekutheni sigcine sikwazile ukuqeda izingozi zomgwaqo.

Ngifisa ukukuveza futhi lapha ukuthi sesilinde ngamehlo abomvu uMnyango wezokuThutha kuzwelonke ukuba uphothule yonke imicikilisho ukuze siqale ngohlelo lwe-AARTO (okuyi *Administrative Adjudication of Road Traffic Offences*). Lokhu kusho ukuthi itshe selizogaya ngomunye umhlathi njengoba abantu sebezophucwa amaphuzu futhi baphucwe namalayisensi okushayela uma bephula umthetho bephindelela.

Ziningi ezinye izinhlelo zomthetho esizibhekayo ngenhloso yokuthi siqinise isandla kulabo abaphula umthetho ngoba sifisa nokuthi bangawatholi amabheyili labo ababanjwa bephuzile. Konke lokhu sikwenza ngoba sizimisele ukulwa nesihlava sokufa kwabantu emigwaqeni. Ekugcineni, uHulumeni angayishaya imithetho, abe namaphoyisa azobheka ukugcinwa kwayo, aphinde enze imigwaqo ibe sesimweni, kodwa kukuthina sonke ukuba sibe nonembeza senze okufanele, kumbe singenzi okungafanele emgwaqeni.

Ngaphambi kokuba ngiphethe, ngifisa ukugcizelela ukuthi lesi yisikhathi sokuba sihlange ngempela siyiminyango nezinhlaka zikaHulumeni, izinhlelo zezenkolo naMakhosi ukuba kulekelwe imindenini ethintekile ezingozini zomgwaqo. Masilusebenzise ngokufanele nohlelo lukaSukuma Sakhe olwasungulwa nguHulumeni wesifundazwe. Uma sihlangana kuma-War Room ngaphansi kwalolu hlelo kumele sibheke nalokhu kokuthi ayikho yini imindenini engaziwa ukuthi ayilutholile usizo ngemuva kokuvelelwa yingozi yomgwaqo.

Ngiyathanda futhi ukuthi sibakhumbule bonke asebesishiyile ezingozini zomgwaqo, ngokuzibophezela ukuthi sizobhukula silwe nezingozi. Ngikhuluma nje izolo bekuphela unyaka salahlekelwa iqhawe lethu elalibuya khona lapha kulesisifundazwe sasoThungulu, u Comrade uThulani Mashaba, owayeyiSekela Meyya oThungulu aphinde abe nguSihlalo

kaKhongolose eMusa Dladla Region. Siyawazi amagalelo akhe ekushintsheni izimpilo zabantu basoThungulu ukuze zibengcono. Wayesebenzela abantu ethunywe umbutho wabantu u-African National Congress. Yiwona mbutho oneqiniso, oyohlala njalo uqhakambisa ukubaluleka kwenkululeko yabantu, ngoba phela wayilwela saze sayifumana. Kanjalo yiwona mbutho osaqhubeka nokuletha intuthuko emiphakathini yethu.

Asiphumeni ngobuningi bethu ke siyovota ngomhlaka 3 August, sivote ngobuhlakani. Konke esikwenzayo sikwenze ngokuthula. Sengathi singaphepha kuze kushaye ukhetho, ukuya phambili. Siyabonga kini nonke ukuba khona, ikakhulukazi abefundisi abasekele lenkonzo.

Ngiyabonga.